IHLO LIKANKULUNKULU

. . . futhi kunjalo ngoMoya oNgcwele konke ezethamelini manje, neziNgelosi zeNkosi ezikhona ukukhonzisa eGameni likaKristu.

2 Bengifunda umBhalo kulentambama ngitadisha eNcwadini yamaHubo, futhi ngifisa ukukufunda umzuzwana nje, amavesi ambalwa akho, ngizothi amavesi amabili. Lelo yiHubo 32, ivesi le 7 nele 8:

Uyindawo yami yokucasha; . . .

3 Ngiyakuthanda lokho. UDavide ekhuluma ukuthi uNkulunkulu uyiNdawo yakhe yokuCasha. Ngithanda kanjani ukucabanga ukuthi sineNdawo yokuCasha, ukuthi uBukhona bukaNkulunkulu obukhulu bungaba yiNdawo yethu yokuCasha, lapho esingacashela khona izinto zezwe. Futhi lapho kuvuka inkathazo, UyiNdawo yethu yokuCasha.

4 Futhi evesini 8 Wathi:

. . . futhi *ngiyakukuhola ngehlo lami.*

5 Bengicabanga, uNkulunkulu ekhuluma lapho, ukuthi Uyosihola kanjani ngehlo laKhe, nokwazi ukuthi uBukhona baKhe buhlala buseduze futhi Uyasihola! Futhi bengicabanga ukuthi umBhalo uba kanjani encekwini yeqiniso kaKristu. KuJohane oNgcwele 5:19, ngenkathi Ethi, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo kuphela lokho Ebona uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza kanjalo."

6 Ihlo elikhulu likaJehova, uJesu wayebuka ngamehlo aKhe. Kufanele ukuthi kwakungamehlo kaJehova Ayebuka ngawo ngenkathi uSimoni ekhuphuka, futhi Wamtshela ukuthi igama lakhe kwakunguSimoni, futhi Wayezoliguqula libe nguKhefase, futhi wamtshela ukuthi igama likayise kwakunguJona. Kwakufanele nje kube yihlo likaNkulunkulu Ayebuka ngalo.

7 Ihlo likaNkulunkulu belinabaprofethi kuyo yonke iminyaka abebengabona ngaphambi kwesikhathi ukuthi kwakuzokwenzekani.

8 Kwakungebe lutho olunye kodwa ihlo likaNkulunkulu ngenkathi uNathanayeli elethwa nguFiliphu eBukhoneni baKhe, noJesu wathi kuye, "Bheka umIsrayeli!"

Futhi wathi, "Ungaze nini, Rabi na?"

Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona." Kufanele ukuthi kwakuyihlo likaNkulunkulu Ayebuka ngalo.

9 Kufanele ukuthi kwakuyihlo likaNkulunkulu kuJohane oNgcwele 4 ngenkathi Ebona ukuthi owesifazane wayenamadoda amahlanu.

10 Kwakuyihlo likaNkulunkulu Ayebuka ngalo ngenkathi E . . . owesifazane wathinta ingubo yaKhe namandla ayesukile kuYe, futhi Wabuka phezu kwezethameli zaKhe waze Wathola owesifazane futhi wazi ukuthi yayiyini inkathazo yakhe.

11 Kwakungebe lutho olunye kodwa ukubuka ngehlo likaNkulunkulu ngenkathi Ebona imicabango yabaFarisi ngenkathi bethi, "UnguBelzabule," ezinhliziyweni zabo.

12 Kwakuyihlo likaNkulunkulu Ayebuka ngalo ngenkathi Ebona imicabango yabafundi ngenkathi bethi, bezindla, ukuthi ubani oyoba ngomkhulu kunabo bonke phakathi kwabo.

13 Kwakuyihlo likaNkulunkulu Ayebuka ngalo ngenkathi Ehlela echibini laseBethesda futhi waqalaza ukuba athole indoda ohlakeni, futhi wayazi ukuthi yayikade ikulesosimo iminyaka engamashumi amathathu-nesishiyagalombili.

14 Futhi induduzo enje pho okuyiyo ekufundweni kwethu komBhalo izolo ebusuku ukuthi sithole ukuthi uJesu wathi, "ImiBhalo ayinakwephulwa."

15 Kwase kuthi-ke ngenkathi uJesu ehamba nalelohlo elikhulu likaNkulunkulu elalizohola, Wethembisa, "Izinto eNgizenzayo, imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza." Nalelohlo eliholayo lalingafanele lihambe ekuhambeni kweNkosi uJesu, Wayezoqhubeka kuze kube phakade eBandleni laKhe. Futhi ngenkathi Evuka ngosuku lwesithathu, futhi wenyukela phezulu kweliPhezulu, futhi wathumela uMoya oNgcwele emuva ukuthi iBandla kulobubusuku libuka ngalelohlo elifanayo eliholayo elihola abantu baKhe kulo lonke iQiniso, futhi UyiQiniso.

16 Futhi sijabula kanjani kulobubusuku ukwazi ukuthi leyomiBhalo ingephulwe, futhi sazi ukuthi lelohlo elifanayo elizosihola lisebukhoneni bethu kulobubusuku, noma, sisebukhoneni balo kulobubusuku, eliyakusihola sisuke ekuguleni siye empilweni, eliyakusihola sisuke ezinhluphekweni zethu siye esiphambanweni, elizosihola sisuke ekuhluphekeni siye empilweni enhle, elizosihola sisuke empilweni yesono siye kwengcwelisiwe, impilo ebekwe eceleni kuNkulunkulu! LoboBukhona bukaNkulunkulu buseduze njalo.

17 UJesu wathi, "Bhekani, Nginani njalo, kuze kube sekupheleni." Futhi sisondela ekupheleni. Khona-ke njengoba uJesu aqinisekisa lelohlo eliholayo linaYe ngezinsuku ngenkathi Ezembula Yena uqobo kumaJuda ngaphambi kokuphela kwalowonyaka webandla wamaJuda, noma, isimiselo sesikhathi sawo, Wakubonakalisa ngokubuka ngehlo likaNkulunkulu. Wenza into efanayo kumaSamariya, futhi manje sinabeZizwe abasele.

18 Futhi kulobubusuku uNkulunkulu usalokhu ebuka ngalelohlo elifanayo, ngoba uKristu unguye izolo, namuhla, naphakade. Futhi Usalokhu ebuka ngehlo likaNkulunkulu njengoba Engakwazi, ngomusa waKhe namandla angcwelisayo, asihlanze futhi usibizile ukuba sibe ngamadodana namadodakazi aKhe ukusisebenzisa njengemivini, noma, amagatsha eMvinini, ukuba sisalokhu sibuka ngehlo likaNkulunkulu ukubona ukuthi bekuyini nokuthi kuzoba yini. Futhi ngeke sihambe ebumnyameni inqobo nje uma sibuka ngehlo likaNkulunkulu.

19 Ihlo likaNkulunkulu libonisa intando yaKhe, libonisa uMoya waKhe—waKhe, libonisa iZwi laKhe. Bekuyosiza ngani ngakho konke ukuqeqeshwa kwethu na? Bekuyosiza ngani ngakho konke ukufundisa kwethu nesayense yethu yezenkolo ukuba ibingekho into ethize ukusigcina ngisho singawi na? Bekuyosiza ngani umkhumbi ukuba ube noseyili abakhulu, nelikhulu, ingaphambili lomkhumbu elihle, nengemuva lomkhumbi, namaphakethe kuwo, inkombandlela enkulu ngaphakathi, uma wawungenaso isiqondiso somkhumbi na? Ukuba-ke wawungenankombandlela noma isiqondiso somkhumbi na? Ubuyovele nje uye ngapha nangapha yimimoya usuka endaweni uya endaweni.

20 Kodwa siyabonga ukuthi uNkulunkulu unakho kokubili isiqondiso somkhumbi nenkombandlela, Usazisa lapho esimi khona namhlanje, nokuthi kuzoba yini. Uzo . . . Wathi, "Angisoze ngakushiya, Angisoze ngakulahla." Ngakho asibuke ngehlo likaNkulunkulu kulobubusuku, futhi sizobona ukuthi Uzosiholela eKalvari.

21 Futhi eKalvari, yonke into yaqedwa. "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Sonke isoni lapha kulobubusuku sa—sasindiswa ngenkathi uJesu Kristu efa eKalvari, wonke umuntu ogulayo waphulukiswa ngenkathi uJesu efa eKalvari, Waqeda umsebenzi. Into kuphela uNkulunkulu angayenza manje ngukugcoba abefundisi ukushumayela iZwi, noma abeke iziphiwo eBandleni uku—ukunikhomba emsebenzini osuqediwe weNkosi yethu uJesu.

Kwangathi uNkulunkulu angasipha khona kulobubusuku, ngumkhuleko wami, sisakhuleka.

22 Nkulunkulu oPhakade noBusisiweyo, Owabuyisa futhi iNkosi uJesu kwabafileyo, futhi waMvusa, futhi waMbeka ngakwesokunene soMkhulu kweliPhezulu, lapho enza ukunxusela phezu kokuvuma kwethu, futhi siza kulobubusuku nokuvuma ukusho ukuthi sikholwa yilolonke iZwi Asifundisa lona eZwini laKhe. Futhi *ukuvuma* kunguku "sho into efanayo."

23 Futhi siyakholwa ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade, khona-ke ukuthi uBukhona baKhe bulapha

futhi buzoMmemezela ephila emva kweminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye, ekuvalweni kwalonyaka, noma, isimiselo sesikhathi sabeZizwe. Woza, Nkosi Nkulunkulu! IZwi elilodwa elivela kuWe lizosho lukhulu kunawo onke amazwi sonke ebesingawasho. UkuKubona nje ukhuluma ngamandla aKho amakhulu, bekuyothumela izinhliziyo endaweni abanayo, mhlampe, abangakaze bafinyelele kuyo ngaphambili, futhi bekuyoletha ukukholwa ezingeni lokuphulukiswa kwabagulayo nokulahlwa icala esonini, esiyophenduka ezonweni zaso esesilisa noma zaso esesifazane. Futhi siyakhuleka-ke, Nkosi, kulobubusuku ukuthi imizimba yethu ingazinikela kuWe ngendlela ephelele ukuthi Ubuzokhuluma ngathi. Siphe, Nkosi, lezizibusiso.

24 Siqonda ukuthi iphimbo lethu ledlula kulemayikrofoni limemezela ukuthi kukhona into ethize ephilayo, ngoba imayikrofoni ibiyoba yisimungulu uma ibingekho into ezobanga umsindo ngemuva, futhi kanjalo besiyoba njalo, O Nkulunkulu. Kodwa khuluma, Nkosi Jesu, njengoba sizinikela kuWe ngenkonzo.

25 Futhi ngentobeko sizokhothamisa amakhanda ethu futhi siKunike udumo, sisabiza uBukhona baKho. Sinelungelo lokukwenza, ngoba Wethembisa ukuthi Uyokwenza. Futhi Ubuyokwenza kulezozisekelo, hhayi ngoba Ufanele, kodwa ngoba Wakwethembisa, nemiBhalo ingephulwe, Ifanele igcwaliseke. Ngakho-ke, Nkosi, silinda ngokuzithoba njengezinceku zaKho ekubonakalisweni kokuvuka kukaJesu Kristu. Ngokuba siyakucela, eGameni laKhe. Amen.

26 Manje kuya ngokuthi manje phezu kukaNkulunkulu. Futhi uma Ezosibusisa ngoBukhona baKhe, siyakuhamba nezinhliziyo ezijabule, njengalabo ababevela e-Emawuse uma Ezozembula Yena uqobo kithi. Umfundisi ukhulumile, amaculo aculiwe, nomkhuleko wenziwe, umBhalo ushunyayeliwe, manje sekuyisikhathi sikaNkulunkulu sokukhuluma. Futhi uNkulunkulu angeke akhulume ngokwethu. . . ngalendlela, nje. . . futhi enze izinto, ngaphandle uma kukhona ozoba lapha ukuba akuzwe. "Imisebenzi eminingi yamandla Wayengenakuyenza ngenxa yokungakholwa kwabo."

27 Ngakho kulobubusuku kwangathi unembeza wethu namadlingozi ethu anganyakaziswa uma Ezosibusisa kakhulu ukuba angene e—esakhiweni sethu lapha kulobubusuku futhi Azazise ukuthi Ungothandekayo, uJesu ovukileyo.

28 Manje sizakubiza umugqa womkhuleko, hhayi abaningi kakhulu, kodwa abambalwa nje ukubayisa emsamo. Ngikholwa ukuthi bathe amakhadi omkhuleko abeyikhadi lomkhuleko u-P ebelinikezelwa kulobubusuku, njengokuthi u*Paul*. Izolo ebusuku sithathe iqoqo lawo, ngakho kulobubusuku ngikholwa ukuthi bekusuka emashumini amahlanu kuqhubeke kuze

kube yinto ethize, amashumi ayisikhombisa-nanhlanu, noma okuthize, izolo ebusuku. Ngakho ake siqale futhi nje sithole ambalwa, ngokuba isikhathi siyashabalala, sidlula ngokushesha kithi. Asiqale futhi siqalise ngelamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu, futhi siye ekhulwini, ukuthola nje omunye phezulu lapha.

29 Futhi ubani ophethe ikhadi lomkhuleko u-P, amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu na? Ungasiphakamisa nje isandla sakho ukuze sibone ukuthi ulapha na? Mhlawumbe nginendawo okungesiyona. Ngizo . . . Uthini? U-P, amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu. O, inenekazi lapha na? Kulungile, nenekazi. Woza wehlele lapha ngqo. Amashumi ayisishiyagalombili-nesithupha, ubungasiphakamisa isandla sakho na? Ikhadi lomkhuleko u-P, amashumi ayisishiyagalombili-nesithupha, inenekazi. Wonke umuntu onamakhadi omkhuleko, bukani labo abangakwazi ukusukuma, noma okuthize, noma awukwazi ukunyakazisa izandla zakho, noma uma u . . . Buka ikhadi likamakhelwane wakho, bangahle babe yisithulu nesimungulu.

30 Amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu, amashumi ayisishiyagalombili-nesithupha, amashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa. Ikhadi lomkhuleko lamashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa. Phezulu le kuvulandi osesitezi. Akhishwe nje kuso sonke isakhiwo, abafana bawakhiphile. Amashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa, amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalombili. O, e . . . Kulungile. Amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalombili, amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye. Ikhadi lomkhuleko u-P, amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye. Inenekazi lapho. Ngiyabonga, nenekazi, ngokulisiza; lingahle libe yisithulu. Amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye, amashumi ayisishiyagalolunye. Ubungasiphakamisa isandla sakho na? Ngingasibona, omunye na? Ikhadi lomkhuleko u-P, amashumi ayisishiyagalolunye. Inenekazi, kulungile.

31 Amashumi ayisishiyagalolunye-nanye, ikhadi lomkhuleko u-P, amashumi ayisishiyagalolunye-nanye. Amashumi ayisishiyagalolunye-nambili, amashumi ayisishiyagalolunye-nanthathu, amashumi ayisishiyagalolunye-nane, amashumi ayisishiyagalolunye-nane. Kulungile. Amashumi ayisishiyagalolunye-nanhlanu, amashumi ayisishiyagalolunye-nanhlanu, ikhadi lomkhuleko u-P, amashumi ayisishiyagalolunye-nanhlanu. Ubungasiphakamisa isandla sakho na? Emgqeni. Amashumi ayisishiyagalolunye-nesithupha. Niyabo, kungahle kube ngomunye . . .

32 Manje, ukwenyukela lapha akusho ukuthi uzophulukiswa, lutho nhlobo. Ungaphulukiswa esihlalweni sakho ngokufanayo nje njengoba ungaphulukiswa lapha.

33 Amashumi ayisishiyagalolunye-nesithupha, amashumi ayisishiyagalolunye-nesikhombisa, amashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalombili, amashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalolunye, ikhulu. Manje, uma singakhipha laba ngesikhathi, sizoqala emuva kwenye indawo futhi nje silokhu sibakhuphula.

34 Kodwa manje, ukwenyukela lapha akusho ukuthi uzophulukiswa. I. . . Ungaphulukiswa phandle lapho ngokufanayo nje njengoba ungaphulukiswa lapha, uNkulunkulu uzokuphulukisa ekufanelekeni kokukholwa kwakho, futhi lokho kuphela, njengoba ukholwa nje.

35 Manje, bangaki phandle lapho ongenalo ikhadi lomkhuleko, futhi ufuna uNkulunkulu akuphulukise, awuzukubizelwa emsamo kodwa ufuna uNkulunkulu akuphulukise na? Phakamisani izandla zenu nje, noma yikuphi esakhiweni. Yingalesosizathu sifanele sikhiphe amakhadi, ukuba nje sibashayise umugqa.

36 Kulungile, yenza lokhu: Bheka nje kuKristu. IBhayibheli lasho ukuthi UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Bangaki abakwaziyo lokho na? IBhayibheli lifundisa lokho.

37 Awu, owesifazane wathinta ingubo yaKhe Wayesethi, "Ngibe buthakathaka." Futhi wasuka wangena ezethamelini ndawondawo. NoJesu washo ukuthi Wayebuthakathaka, ukuthi amandla ayephumile kuYe, khona-ke Wa—Waqalaza waze Wathola owesifazane. Bangaki abake bayifunda leyondaba na?

38 Awu manje-ke, ngabe iBhayibheli liyasho kumaHeberu 13:8, ukuthi uJesu unguye izolo, namuhla, naphakade na? UmBhalo uthi Usenguye umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Khona-ke buka kulobubusuku, hhayi kumshumayeli, hhayi komunye wabafowenu noma odadewenu, kodwa buka eKalvari, buka kuKristu One. . . Hhayi ngempela iKalvari, iKalvari yilapho inani elakhokhwa khona, kodwa uKristu ukude neKalvari kulobubusuku, UseBukhoneni bukaNkulunkulu, ephilela njalo ukwenza ukunxusela phezu kokuvuma kwethu, uMoya kaKristu ulapha phakathi kwethu kulobubusuku.

39 Futhi qaphelani, ngenkathi besashayisa umugqa abantu, ngenkathi uKristu elapha emhlabeni, Wathi, "Ngavela kuNkulunkulu, futhi Ngiya kuNkulunkulu." Niyazi ukuthi lokho kuyiqiniso na? Bangaki okholwayo ukuthi uKristu wayesehlane nabantwana bakwa-Israyeli na? LeyoNsika yoMlilo eyahola abantwana bakwa-Israyeli kwakunguKristu. Niyakukholwa lokho, iNgelosi yesivumelwano yayisesihlahleni esivuthayo na? Wathi Yayeyiyo.

40 "Engakabikho u-Abrahama, NGIKHONA." Futhi UNGIKHONA kwakunguYe owakhuluma kuMose esihlahleni.

Khona-ke uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni ukususa isono, owayesemzimbeni weNdodana yaKhe, uKristu, ngoba uNkulunkulu wayekuKristu ebuyisana nezwe kuYe uqobo, Wazizwakalisa Yena uqobo ngoKristu. NoKristu wathi, "Ngivela kuNkulunkulu," eNsikeni yoMlilo, "futhi Ngibuyela kulesosimo." Emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, uPawulu wahlangana naYe endleleni eya eDamaseku, futhi Wayesebuyele ekuKhanyeni futhi. Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuqinisile na?

41 Awu, noma yimuphi umoya uzozifakazela wona, noma yikuphi ukuphila kuzofakaza. Ukuphila kwe, njengoba ngishilo ngaphambili, impilo yomvini wethanga izothela ukuphila . . . ithele amathanga, amagilebhisi azothela amagilebhisi.

42 UJesu wathi, "Mina ngingumVini, nina ningamagatsha." Ukuphila okukuwe . . . Uma ngikutshele ukuthi umoya womgulukudu ubukimi, ubuyongilindela ukuba ngibe nezibhamu ezinkulu futhi ngibe yingozi; uma ngikutshele ukuthi umoya wengcweti ubukimi, bengiyokwazi ukudweba izithombe ingcweti ezidwebile; futhi uma sithi uMoya kaKristu ukithi, senza izinto uKristu azenza.

43 Ngicabanga ukuthi isithombe lapha . . . Hhayi esami, bengingahlanganise lutho nakho nhlobo, nguKristu Eziveza kubantu baKhe. Manje-ke, uma lesi—lesi siDalwa esithwetshuliwe lapha, eJalimane, nezindawo ezehlukene, naphambi kwamadoda amakhulu, ngisho neFBi yasihlola isithombe, uGeorge J. Lacy, futhi uma Safakazelwa ukuthi yisiDalwa esingaphezu kwemvelo, futhi Sibukeka njengeNsika yoMlilo efanayo, khona-ke KwakunguKristu esalokhu eneBandla laKhe. "Angisoze ngakushiya noma ngikulahle." Manje-ke, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza," Kuyokwenza uhlobo olufanayo lwemisebenzi Ayenza uma KunguMoya kaKristu. Uma kungesiwo uMoya kaKristu, akuyikuyenza leyomisebenzi. Phezu kwalokhu, ake sithi . . .

44 Ngabe uyinenekazi elizokhulekelwa na? Ngifuna ukwazi, bangaki esakhiweni abazophakamisa izandla zenu ukuthi anginazi na? Ake sibone izandla zenu, wonke umuntu esakhiweni, emgqeni womkhuleko, futhi, ukuthi anginazi.

45 Nasi isithombe seBhayibheli. Manje, khumbulani, iBhayibheli lalotshwa nguMoya oNgcwele, noMoya owaloba iBhayibheli usaphila. Akatholi kwehluka, Akazi lutho olunye namhlanje kunoma Wayazi ngaleyonkathi, ngoba Wayengongenasiphelo kwasekuqaleni.

46 Futhi uma uNkulunkulu enza noma yini ekuqaleni, futhi uma izimo ezifanayo zivuka futhi, futhi uma Enza ngokwehlukile kunalokho Akwenza ekuqaleni, Wenza ngokungalungile ngenkathi Enza, Uzofanele ahlale efana.

Akahlakaniphi ngokwedlulele njengoba senza, ngoba Waye—Wayengongenasiphelo kwasekuqaleni nje.

47 NeBhayibheli liyikho kokubili umlando, Lingumprofethi, Liyindaba yothando, futhi liveza uKristu kithi. Manje-ke uma uKristu weBhayibheli engafile, kodwa ephila, Uzofanele azibonakalise Yena uqobo njengoba nje Enza eBhayibhelini.

48 Manje, nangu owesifazane, othandekayo, umuntu othandekayo u . . . Angikaze ngimbone. Ubukeka ethi akabe nguntanga kamama wami. Angikaze ngimbone empilweni yami, futhi siyisihambi ngokuphelele komunye nomunye. Futhi nasi isithombe se, isigcawu seBhayibheli, njengoba sasinjalo kuJohane oNgcwele isahluko 4 ngenkathi iNdoda nowesifazane, uJesu emthonjeni nowesifazane, futhi Wakhuluma kuye.

49 Manje qaphelani, Wayesendleleni yaKhe eya eJeriko, kodwa edinga ukudlula ngaseSamariya. Kungani na? Wavele wathi nje kuJohane oNgcwele 5, "Angenzi lutho, aze uBaba aNgibonise kuqala." Uyawukholwa lowomBhalo na? Khona-ke Akazange enze nesisodwa isimangaliso ngaphandle kukaNkulunkulu eMkhombisa kuqala.

> . . . *Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kini, INdodana ingenze lutho ngokwayo, kodwa lokho* ebona *uYise* ekwenza: . . . lokho *iNdodana iyakwenza kanjalo.*

50 Futhi othandekayo wami, dadewethu othandekayo, uma bekukhona into eyodwa ebengingayenza ukukusiza ukuba uphile, noma—noma ngabe iyini inkathazo yakho, ungahle ungaguli ngisho, angazi, angikaze ngihlangane nawe, uma bekukhona noma yini ebengingayenza ukukusiza, uma kungezezimali, ngingahle ngikwenze ube nemali encane kakhulu, ngoba anginayo ngaphandle kwencane, uma bekuyinkathazo yasekhaya, bengizozama ukukhuluma nothandiweyo wakho, bengi—ngizokwenza noma yini ebengingayenza.

51 Kodwa manje, njengokuphulukisa, uma kungukuphulukiswa, sekuvele kwenziwe, uma ufuna ukuphulukiswa kuKristu. Bekungeke kulale ngaphakathi kimi ukwenza lokho, noma akekho omunye, bekuyolala ngaphakathi kukaNkulunkulu. Futhi uNkulunkulu usevele ukwenzile, ngokweZwi laKhe, manje-ke, into kuphela esingayenza, njengabefundisi, amanye amadoda anele ukukwenza, ukukuchaza ngomBhalo, leyo yindlela yokuqala. Lokho bekuyokuxazulula, uma bekuyoba yimi noma kube nguwe, kodwa uNkulunkulu ulunge kakhulu, Ugudluza onke amatshe amancane, ukuze wonke umuntu . . . Uyabathanda abantu, futhi Uzama ukwenza enye into ethize ukubaletha uku—ukuMkholwa futhi babe nokukholwa kuYe.

52 Manje, uma iNkosi uNkulunkulu ibingembula kimi ukuthi umeleni lapha, njengoba nje Enza emthonjeni, kowesifazane

waseSamariya, Wathola inkathazo yakhe, futhi wathi nje Angamtshela ukuthi inkathazo yakhe yayikuphi, wathi, “Mnumzane, ngiyabona ukuthi UnguMprofethi wena. Siyazi ukuthi nxa uMesiya efika, Uzokwenza lezizinto, asikhombise lezizinto.”

Futhi U . . . WaMkholwa ukuthi ungumProfethi, kodwa uJesu wathi, “NginguYe okhuluma nawe.”

Futhi wagijimela emzini wayesethi, “Wozani, nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini uMesiya Lona na?”

53 Uma leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya ngaleyonkathi, yisibonakaliso sikaMesiya manje uma Ehlala enguye izolo, namuhla, naphakade.

54 Wenza into efanayo ngenkathi Ekumemezela ohlangeni lwamaJuda ngokuletha . . . UFiliphu wahamba futhi wathola uNathanayeli amamayela angamashumi amathathu ukuzungeza intaba futhi wambuyisa, noJesu wamtshela ukuthi Wayazi ukuthi wayekuphi, ayekwenzile.

55 Bacabangani abaFarisi ngalokho na? Bathi kwakungudeveli. NoJesu wathi, “Ngiyanithethelela, kodwa nxa uMoya oNgcwele efika ukuzokwenza into efanayo, izwi elimelene naWo alisoze lathethelelwa kulelizwe, noma ezweni elizayo.”

56 Manje niyabona lapho simi khona. Khona manje iVangeli lizofanele lifakazelwe ukuthi liqinisile noma linephutha. Uma uKristu enza isithembiso esinjalo, Ubophezelekile eZwini laKhe.

57 Futhi induduzo enje pho ukwazi ukuthi inkolo esiyikhonzayo, uNkulunkulu yiyona nkolo kuphela emhlabeni wonke engafakazisa ukuthi uNkulunkulu wabo uyaphila! Ngibe nenhlanhla, ngimi phambi kwabantu bezenkolo abangamashumi amabili namashumi amathathu abehlukene, abantu bezenkolo abehlukene abakholelwa konkulunkulu abehlukene, abakaMohamede noBuda, namaSikh, namaJain, futhi, o, zonke izinhlobo ezehlukene, nabomdabu boblankethe, futhi, benezithixo ezandleni zabo. Kodwa akukaze kube khona muntu . . . Abantu wenze izitatimende ezinkulu, kodwa munye kuphela uMuntu Owathi, “Nginamandla okubeka phansi ukuphila kwaMi ngiphinde ngikuthathe futhi.” Futhi Wakwenza, futhi iminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye, malibongwe iGama laKhe, Usaphila, Akafile.

58 Njengoba nibona, hhayi ekhoneni elithize elimnyama kude ndawondawo, lapha phansi kwezinkanyiso, mina nalona wesifazane sihlangana okokuqala, ngisho ukuthi uKristu uyaphila kulobubusuku.

59 Futhi uma kuphela ungazinikela kuMoya, Mvumele akhulume kuwe, manje, kuzofanele kube okungaPhezu kwemvelo, kuya ngokuthi ucabanga ukuthi kuyini. Uma uchema nabaFarisi, khona-ke uthola umvuzo wabo. Bathi kwakungudeveli, umbhuli noma okuthize, uBelzabule, inkosana yodeveli, okungukuthi noma ubani uyazi ukuthi noma yimuphi umlingo omnyama nokubhula kungokukadeveli, impela, kuyinto ethize udeveli ayiphendukezela.

60 UMoya weqiniso kaNkulunkulu uvela kuKristu futhi Lowo yedwa. INkosi isisize, dadewethu. Kwangathi Angakupha . . . Futhi uma Ezokutshela . . . Manje, uma nje ngibeka izandla phezu kwakho, ngithi, "Hamba, uphulukisiwe," ubuyoba nelungelo lokukungabaza lokho, kodwa uma Ekutshela into ethize ebisempilweni yakho, ukuthi uyazi noma ngabe . . . into ethize oyenzile phansi empilweni yakho, njengoNathanayeli, noma into ethize njengowesifazane owayenamadoda amahlanu, uzokwazi ukuthi lokho kuyiqiniso noma qha, khona-ke yiba ngumahluleli. Uzoba qotho kuNkulunkulu, uzokwenza na? Ngizobaqotho kuNkulunkulu.

61 Nina bantu nizoba qotho kuNkulunkulu, futhi nithi, "Uma Ezokwenza lokho, kuzosusa konke ukusola kimi, ngizokholwa ukuthi Wavuka kwabafileyo"? UzoMethembisa lokho nezandla zakho ziphakeme na? UNkulunkulu akubusise. Kwangathi Angakupha khona ngumkhuleko wami.

62 Inenekazi lihlushwa yisifo samathambo, yilokho elikufunela umkhuleko, lelo yiqiniso impela. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho.

63 Niyakholwa manje na? Manje, khuluma nje naye kakhudlwana.

64 Wena uthe, "Ubungakuqagela lokho, Mfowethu Branham."

65 Niyabo, ungeke wayifihla imicabango yakho manje. Uyayibamba, iNkosi iyayembula.

66 Ngilaleleni, bantu baseChattanooga: INgelosi yokuKhanya eyenziwe isithombe lapha ayiqhelile ngamafidi amabili ukusuka lapho engimi khona khona manje, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Futhi thola ngoSuku lokwaHlulelwa lapho okuzofakazelwa khona, uma ungenakubukholwa uBukhona baKhe bufakaza ngalokho Ayeyikho emuva ngaleya ngaphambi kokubethelwa kwaKhe, khona-ke ngoSuku lokwaHlulelwa, uzobona.

67 Ya, ngiyalibona inenekazi lizama ukusuka entweni ethize, yisihlalo, lizama ukusukuma futhi lihlale emuva phansi, liyasukuma futhi. Lisekamelweni, yisihlalo esincane esifana nesinengalo kuso njengesihlalo esiyendezelayo. Lizama ukuphuma kuleyondawo, liya ngasefasiteleni lalo, libambe iqolo lalo. Yisifo samathambo somgogodla, siseqolo lalo. Kunjalo impela.

68 Ufuna umkhuleko womunye umuntu, futhi, leyo yindodakazi yakho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angembula kimi ukuthi yini engalungile ngendodakazi yakho na? Inezinhlungu zekhanda ezihlabayo, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI.

69 Kunento ethize esashaya ngamandla enhliziyweni yakho, ngumkhuleko womunye umuntu, futhi, leyo yindodana yakho. Futhi inethunzi elimnyama phezu kwayo, ukhulekela insindiso yomphefumulo wayo, iyisoni, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Lelo yiqiniso. Uyakholwa na? Uma uzokholwa . . .

70 Uyazi Into ethize iyakhuluma, Lowo akusimina, nenekazi, ulizwile iphimbo lami. Futhi manje, lowomuzwa obuphezu kwakho emizuzwaneni embalwa nje edlule ususiwe, awunjalo na? Phakathi kwakho nami kume ukuKhanya, leyoNgelosi. Sekuhambile kuwe manje. Ngikholwa ukuthi wemukela konke okucelile. Hamba ukholwa futhi uzakuba nakho okucelayo. UNkulunkulu akubusise.

(Mfowethu Vayle, ungeza lapha futhi . . .? Uphi uBilly noma omunye umuntu lapha, manje na? Kulungile.)

71 Sawubona, nenekazi?

72 Manje, ngaphambi nje kwenenekazi, bangaki kini abakholwayo ngempela khona manje ngayo yonke inhliziyo yenu na? Manje, nina phandle lapho ongenalo ikhadi lomkhuleko, phezulu lapha kovulandi abasesitezi, noma ngabe ukuphi, buka nje, uthi, "Nkosi Jesu, uma lokhu kuyiqiniso, indoda mayikhulume kimi phandle lapha. Makuthi yona . . . U—Uyafana . . . Ngi—ngiyazi akusiyo indoda, ngoba ayingazi, ngihlezi lapha nje ezethamelini. Kodwa isitshelile esikhashaneni esedlule ukuthi UbungumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Futhi Yivumele ikhulume kimi, futhi khona-ke kuzosusa zonke izinsolo kimi, futhi ngizoKukholwa, Nkosi Nkulunkulu ukuthi U—ukuthi Ufuna ukungiphulukisa, ungisindise."

73 Yenza lokho futhi uthole ukuthi kwenzekani. Wena ohlezi phandle ezethamelini, kusobala . . . Ngisho lokho ngenxa yabantu kulowomcabango wento ethize egijima emiqondweni yabo, bezibuza. Ungazibuzi, yiba nokukholwa nje. Wathi, "Uma ukholwa, konke kuyenzeka."

74 "Zonke izinto," akumangalisi lokho na? "Konke kuyenzeka."

75 Siyizihambi komunye nomunye, futhi, ngiyacabanga, hhe, dadewethu? Buka kimi njengowesifazane oqotho, ungumKristu ngoba umoya wakho wemukelekile. Uyazi, nenekazi, ukuthi ebukhoneni bomfowenu bekungeke kukwenze uzizwe ngaleyondlela. Manje thembeka kimi nasezethamelini: Njengamanje iNto ethize iqala ukwenzeka. Bekuyini na? Lesisithombe osibona lapha saleyoNgelosi, Yilokho okufika phezu kwakho njengamanje.

76 Manje, kimi, ubukeka nje ungukuKhanya kwangempela. Kodwa ngiyakubona uhamba usuka kimi, futhi ukhulekela futhi isifo samathambo. Futhi ukhulekela umyeni wakho, futhi unento efanayo. Kunjalo impela.

77 Kunokuthize okusesohlwini lwakho lomkhuleko okukhulekelayo, futhi kade kukhona isikhathi eside, ngiyakubona uguqa, unikela umkhuleko, futhi ngibona amadoda amabili evuka, futhi omabili asibekelwe eyizoni. Ngabafowenu, futhi ukhulekela insindiso yabo. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI.

78 Ungakholwa manje ukuthi uBukhona baKhe bulapha na? Khona-ke uNkulunkulu akubusise. Hamba, dadewethu, futhi uNkulunkulu akukhulule kukho konke okudingayo ukuba kukhululwe. UNkulunkulu akubusise, ngiyakhuleka.

79 Hloniphani ngokuzithoba ngempela, ngiyacela, uma nithanda. Ukungakholwa kungenye yezinto ezimbi kakhulu ekhona. Mangihambe noma kanjani, kodwa ungangivumeli ngibe ngongakholwayo okholwayo. Ukungakholwa yisona sono kuphela esikhona. Ukubhema, ukuphuza, ukuphinga, ukuqalekisa, ukuthuka, lokho akusiso isono, lokho yizingxenye ezingahlukaniseki zokungakholwa. "Ongakholwa uselahliwe vele."

80 Futhi abantu abazisho ukuthi bayakholwa baya esontweni, bekholwa ngokujulile, futhi besalokhu bengabangakholwayo impela, izoni, uJesu wathi, "Ningabakayihlo, udeveli," futhi nokho babekholwa ngokujulile nje futhi bekholwa ngakho konke. Idemoni elibi kunawo onke elikhona ukubhekana nalo yidemoni elikholwayo, mabi kakhulu ngokuphindwe kahlanu kunanoma yimuphi omunye umoya omubi.

81 INkosi ikubusise, dadewethu, okungukuthi, ungudadewethu. Ubungaba ngumgxeki, ubungama lapho u—ukwenza okuthile okungalungile. Bengiyokwazi kanjani ukuthi ubungudadewethu na? Indlela efanayo Azi ngayo ukuthi uNathanayeli wayeyindoda elungile engenankohliso.

82 Awuzimele lapho ngesingawe, umi lapho ngomunye umuntu, ngudadewenu, usesibhedlela. Unaleyonto encane lapho esandleni sakho. Owesifazane unomdlavuza. Nesihlobo osikhulekelayo ngu-anti wakho, udade eNkosini; Ngiyazi ukuthi kukukhubekisile ngenkathi ngithi *dadewethu*. Kungesikho ukufunda ingqondo yakho. Yingalesosizathu ngazi abangakholwayo bahlezi phakathi.

83 Manje hamba ukholwa, ungangabazi, yena uzosinda uma ungeke ukungabaze. UNkulunkulu akubusise manje. Ungangabazi lutho, hamba ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

84 Sawubona? Mnumzane, ngicabanga ukuthi si—siyizihambi. Isikhathi sethu sokuqala ukuhlangana na? Angikwazi, angikaze ngikubone, kodwa uNkulunkulu uyakwazi.

Niyakholwa ngenhliziyo yenu yonke phandle ezethamelini na? Yibani nokukholwa.

85 Inenekazi elincane elihlezi lapho elithi ukuguga, linikina ikhanda lalo, elesibili ohlwini lapho, emuva lapho, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ubengakuphulukisa kuleyonkathazo yamankanka, akusindise na? Awu, Ukuphulukisile khona-ke. Uthinte Into ethize, uyazi, BekuyiNkosi uJesu.

86 Ulibekeleni iduku lakho ebusweni bakho, ntombi na? Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? Wena ogqoke encane, ingubo ebukeka iphuzi, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyezwa futhi uyawuphendula umkhuleko na?

87 Uphakamise iduku lakho, futhi, awuzange, nenekazi na? Kulungile, ukhulekela uyihlo. Uyakholwa ukuthi Uzomphulukisa kulowomdlavuza na? Kulungile.

88 Nenekazi, wena one . . . ohlezi eduze kwalo, wesula amehlo akho, kanjalonjalo, ukhulekela umyeni wakho, akasindisiwe, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Yiba nokukholwa futhi ukholwe, uNkulunkulu uzokupha khona.

89 Unamehlo akhanyayo, mnumzane, kodwa lokho akusho ukuthi aphile saka, ufuna ngikhulekele amehlo akho. Kunjalo. Akusikho lokho kuphela, ufuna ngikhulekele omunye umuntu, lowo ngumkakho, unenkathazo yenhliziyo. Uyawesaba umdlavuza, nawe, awunjalo na? Ungakhathazeki. Awusuye owakulelidolobha, ungumuntu okahle, ungowasedolobheni elithiwa iKnoxville. Ungumfundisi, nawe. Kunjalo. Isibongo sakho unguKline, igama lakho lokuqala nguDavid, uMfundisi David Kline. Uma ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, hamba wemukele lokho okucelile . . . ? . . .

"Uma ukholwa, konke kuyenzeka."

90 Inenekazi eliqatha emuva ngapha ngakwesokudla sami, uhlezi phansi lapha, uhlezi lapho ukhuleka ngamandla akho onke, ukhulekela futhi ukuthi uNkulunkulu uzokuthinta. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ubengakuphulukisa kuleyonkathazo yezinso, akusindise na? Ngifuna ukukutshela enye into obunayo, futhi, unohlobo oluthile lokukhwehlela okhwehlela nalo, yisifuba somoya. Uma ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, sukuma, uphiliswe khona-ke.

91 Uyakholwa na? Angikaze ngikubone, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Usenkathazweni, uhlushwa amatshe enyongo. Kunjalo. Futhi usosizini ngomunye umuntu, lowo yindoda, umfowenu, umdlavuza, uhlinzwe izikhathi eziningana, ukuba ngibe ncamashi, kane, akukho-mpumelelo. Uzokholwa ngayo

yonke inhliziyo yakho na? Uma uzokholwa, ungasuka emsamo futhi wemukele lokho okucelile, eGameni likaKristu.

Kholwa kuphela.

92 Yebo, wena ohlezi khona lapho, inenekazi elincane lapho elifake esincane, isigqoko esibukeka sinsundu, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa kuleyonkathazo yesisu, isifo samathambo, akusindise na? Awu, ukwemukele. UNkulunkulu akubusise.

93 Ngabe yilelinenekazi na? Lithola . . . Isigejane sokungakholwa lapha emizuzwini embalwa edlule, futhi kungenze wonke . . .

94 Siyizihambi komunye nomunye, nenekazi.

95 Uyazi, uJesu wathi, "Yekani kukhule kokubili ndawonye, kokubili ukolo nokhula." Ingabe unelisekile ukuthi uJesu uyaphila kulobubusuku na? Ingabe unelisekile ukuthi Uvukile kwabafileyo na?

96 Inenekazi liyisihambi kimi. Angikwazi, ngiyakwazi yini, dadewethu na? Siyizihambi ngokuphelele; banjalo nalabo abaphandle phakathi lapho.

97 Akusuye owesifazane, ngumntwana olokhu eza. Phandle ekupheleni komugqa lapho, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uphulukise omncinyane na? Abuyisele ukuzwa kwakhe, amsindise, asuse umoya wesithulu kuye, ungamnika uNkulunkulu udumo na? Mbuyisele ekhaya lakhe khona-ke. UNkulunkulu akubusise. Welela lapho bese ukhulumela endlebeni yakhe, ubhekisise ukuthi kwenzekani.

98 Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Ngiyisihambi kuwe, kodwa uhlushwa yisimo sokwethuka, futhi okubangele lokho yisinye, kukwenza uphatheke kabi. Kunjalo. Lelo yiqiniso, akunjalo na?

99 Uyakholwa na? Manje, niyabo, okuningi obuyokukhuluma kulelinenekazi . . . Nje ku . . . Ungazibonela ukuthi kwenzani kuwe, sekuthi angiqathake nje. Kwenzekani na? Kube kanjani ukuthi bengingama lapha ngaphezu kokuba Enza qobo lwaKhe, ngenkathi umuntu oyedwa . . . ? Kuyini na? UNkulunkulu akazange asebenzise isiphiwo saKhe, owesifazane wasisebenzisa, wadonsa kuNkulunkulu, wadonsa ngoJesu, ukukholwa kwakhe, waMthinta. Wathi, "Ngi . . . " Wayengazi ukuthi kwenzekeni. Nguwe okusebenzisayo.

100 Akumangalisi abantu besola, bese bethi, "Awu, angiqondi, kungahle kube—kungahle kube yi*lokhu*, *lokho*, noma *okunye*." Yilokhu: Yingoba ubona kuphela khona lapha emsamo, yilokhu kuphela okubonayo, awukho phandle lapho kanye nathi emihlanganweni, ekhaya. Umkami ehlezi khona lapho, nampa abafana, nampa abefundisi behlezi khona lapha, onami njalonjalo, cabanga ngezinto Okuzishoyo amaviki

nezinyanga neminyaka ngaphambi kwesikhathi. Senake nakubona kwehluleka, bafana na? Ngokuphelele, phandle lapho. Bangaki owaziyo ukuthi lezozinto ziyiqiniso na? Hhayi ngisho naphakathi lapha, kodwa phandle ezindaweni, abantu abangaziyo. Niyabo?

101 Lona nguwe nje, usebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu manje. Angisiso isiphiwo saKhe, YiNgelosi yeNkosi, Izofanele isebenzise iphimbo lomuntu othize ukuba ikhulume.

102 Ngabe lokhu . . .? INkosi ilitshelile na? Kulungile. Ngabe bekuqinisile, Akushilo na? Bekuqinisile, Okukushilo na? Manje, uyazi, nenekazi, bengingeke ngikwazi, indlela kuphela engiyoke ngazi ngayo manje ngukukuthola eteyipini. Kodwa ake nje sikhulume kancane. Yebo, nanto, yisimo sesinye. Akusikho lokho kuphela, u—ukhuleka mayelana ne—nendodana. Kwakungukulimala kobuchopho okwenzeka. Kunjalo. Akusikho lokho kuphela, kodwa unomfowenu omkhulekelayo, nalowo ngumdlavuza. Unelisekile ukuthi uNkulunkulu unguMphulukisi na? Khona-ke hamba, nokuthula kukaNkulunkulu makube nawe, futhi akubusise, akunike lokho okucelile. Kulungile.

103 Uyakholwa, yonke inhliziyo yakho na? Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela phandle ezethamelini lapho, kholwani nje, yibani nokukholwa.

104 Uyakholwa ukuthi inkathazo yakho yeqolo ikushiyile umi lapho na? Uyakholwa na? Kulungile. Hamba ngendlela yakho, uthi nje, "Ngiyabonga, Nkosi."

105 Uyakholwa ukuthi inkathazo yakho yabesifazane isikushiyile, inkathazo yamanenekazi na? Uyakholwa na? Kulungile, hamba ngendlela yakho, futhi uthokoze bese uthi, "Ngiyabonga, Nkosi Nkulunkulu." Kulungile.

106 Nenekazi, angazi noma uyakwazi lokhu, noma qha, kodwa usibekelwe ngumdlavuza. U—ubukwazi. Kulungile, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ukuphulukisile na? Hamba, ungaphinde ukhathazwe yikho futhi.

107 Woza, nenekazi. Ubunokwethuka isikhathi eside. Lokho kwaqala ngenkathi usengowesifazane othi akabe namashumi amane ngenkathi kukhona uguquko lokuphila olufika kuwe, okubizwa ngokuthi ukunqamuka ukuya esikhathini, ngalokho, ube nenkathazo eningi. Nenkathazo manje isizinze esimweni sokugongobala kwesisu phakathi lapha, okukwenza ube nenkathazo yesisu, yisilonda esiswini sakho. Kunjalo. Kungani uNkulunkulu ubeyokwazi eminyakeni engamashumi amathathu nanhlanu edlule ukuthi kwenzekani kuwe na? Uyazi bengingakwazi lokho, bengikwazi, nenekazi na? Kulungile, hamba udle manje. Kholwa, uyakuba . . .

108 Unowangempela, umuzwa oxakile ngenkathi ngithi inkathazo yesisu, awubanga njalo na? Ya, awu, uphulukiswe

ngesikhathi esifanayo, ngakho hamba nje ngendlela yakho, kukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho.

Kulungile. Wonke umuntu . . .

109 Uyakholwa ukuthi isimo sesifuba somoya sizokushiya na? Uyakholwa ukuthi Uzokusindisa na? Kulungile, khona-ke hamba ngendlela yakho, futhi uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu." Futhi ubusise ngayo yonke inhliziyo yakho.

110 Ukuba-ke angishongo-zwi kuwe, ngakutshela nje ukuthi uphulukisiwe, ubungalithatha izwi lami ngakho na?. . .?. . . UNkulunkulu akubusise. Hamba nje ngendlela yakho.

111 Ubungeke udingeke ukuba uthathe umjovo wesifo sikashukela uma uya eKalvari, Uphulukisa isifo sikashukela. Uyakukholwa lokho na? Hamba ngendlela yakho futhi uthokoze, futhi uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Nkulunkulu."

112 Yebo, unesikhwanyana esinobomvu okwento eyodwa, okulandelayo yithumba, kusezindlaleni zakho zabesifazane. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Hamba ngendlela yakho futhi uthokoze futhi ujabule.

113 Niyakholwa ngezinhliziyo zenu zonke na? UmBhalo uthi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Mangaki amakholwa na? Manje, kukhona ozokwenza na? Beka izandla zakho phezu komunye lapho ongakuwe, omunye ongakuwe lapho. Lezi. . .Nonke bekani izandla zenu phezu komunye nomunye.

114 Manje, uma uyiMethodisti, khuleka ngendlela owenza ngayo ebandleni leMethodisti; uma uyiPentecost, khuleka ngendlela owenza ngayo ebandleni lePentecostal; uma uyiBaptisti, khuleka ngendlela owenza ngayo kwiBaptisti, noma ngabe ungowaliphi ibandla, khulekela umuntu obeke izandla zakho phezu kwakhe. "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo: Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda."

Manje asikhothamise amakhanda ethu.

115 Nkulunkulu oPhakade noBusisiwe, siyakhulekelana, sivuma amaphutha ethu omunye komunye, futhi sivuma ukukholwa kwethu ekuvukeni kukaKristu, iNdodana yaKho, Osezindaweni zonke, Olapha manje ukuphilisa abagulayo, ukusindisa isoni.

116 O Nkulunkulu oPhakade, makuthi ongakholwayo abone iphutha lakhe manje, futhi kwangathi uMoya oNgcwele ungafika ngamandla amakhulu, nokulahlwa icala, futhi ubathumelele umusa futhi ubalethe olwazini olusindisayo lukaKristu.

117 O, Sathane, wena obophe abagulayo, phuma kubantu! Unqotshiwe ngoba udaluliwe. UKristu uvukile kwabafileyo futhi uyaphila kulobubusuku naphakade ukumemezela kuwe ukuthi awunamalungelo angokomthetho, uKristu wakuhlubula konke owawunakho eKalvari ekuhluphekeni kwaKhe

okukhulu, okubambelayo, nokufa kwaKhe, nokuvuka kwaKhe okunqobayo. Ukubonakala kwaKhe lapha kulobubusuku kusilethele isiqiniseko sokuthi Uyaphila, futhi Usigcobile, noBukhona baKhe bulapha manje. Futhi, Sathane, awusakwazi ukubabamba, phuma kubo, eGameni likaJesu Kristu!

58-0225 Ihlo LikaNkulunkulu
EMemorial Auditorium
EChattanooga, ETennessee E-U.S.A.

ZULU

©2026 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org